



# uMdu

Bonganjalo Mduduzi Mthiyane  
\*26.05.1992 +26.11.2015

+

SIYALILA | WIR TRAUERN

### **iHubo lomndeni**

- iHubo likaNtabayezulu, uMkhulunyelwa kaSomcuba [1918-1990],  
uMkhulu woMdu nabakwabo, aye walikhuleka nanomndeni nabazukulu  
bakhe eJalimane [1986]  
– *iHubo lekhulu namashumi amabili nanye [Hub 121]:*

Ngenyusa amehlo, ngisinga izintaba.

Usizo Iwami luyovelaphi na?

*Usizo Iwami luvela kuSmakade,  
yena owadala izulu, wadala umhlaba!*

Akaluvumeli unyawo Iwakho lushelele;

Umelusi wakho akalokothi ozele.

Phinde! Akozeli, akalali!

Nguyen-a-melusi kalzrayeli lo!

*Usizo Iwami luvela kuSmakade,  
yena owadala izulu, wadala umhlaba!*

Nguyen-a uSmakade okuhlengayo.

Ungumthunzi – uyisiphephelo sakho nxazonke!

Ilanga alsoze lakuhangula emini,

Nonyezi ebusuku awusoze wakushisa.

*Usizo Iwami luvela kuSmakade,  
yena owadala izulu, wadala umhlaba!*

USmakade uyokuvikela kukho konke okubi;

Uyokulondolozela ukuphila kwakho.

**USmakade uyokwálusa  
lapho uphuma  
nalapho ungena  
manje naphakade kwaphakade.  
Ameni!**

*UJohani 13,34+35*

(UJesu uthi):

Ngininika nanku umyalo omusha, othi:

***Thandanani!***

Kufanele ukuba nani nithandane

ngalolo luthando enginithandé ngalo.

Wonke umuntu uyonazi njengabafundi bami

*uma nithandana.*

+

*UJohani 15,1.4+5a.10*

(UJesu uthi):

Mina ngingumvini wempela; uBaba unguumlimi.

Hlalani kimi, nami ngihlale kini.

Igatsha lingethele ngokwalo;

Lithela kuphela uma limilé emvinini.

Kanjalo-ke nani

Ningethele uma ningahlali nikimi.

***Mina ngingumvini;***

***nina ningamagatsha.***

Uma nigcina imiyalo yami,

niyohlala othandweni lwami;

njengalokhu nami ngiyigcinile imiyalo kaBaba,

ngihlála othandweni lwakhe.

+

*Incwadi yokuqala uPhawuli ayilobel a bandla laseKhorinte [1 Kor]:*

**uThando**

Noma ngikhuluma izilwimi ngezilwimi

- ezabantu ngisho nezezingilos -

kodwa

uma ngingenalo uthando,

ngifana nethusi elikhencezayo,

ngizwakala njengokuyinsinjana

okuzikhenqezelelayo-nje.

Noma nginesiphiwo esingandile  
sokuba ngumphrofethi;  
ngishumayele,  
ngiqonde izimfihlakalo zonkana;  
noma ngingaba nolwazi lonke,  
ngibe nokholo olunamandla amakhulu –  
olukwazi ngisho nokugndlula izintaba,  
kepha uma ngingenalo uthando,  
kusho ukuthi anginto-yalutho.

Noma ngikwaba konke enginakho  
ukuze kondliwe abampofu;  
noma-ke ngizidel' amathambo,  
ngishiswe ngamalangabi omililo,  
kodwa uma ngingenalo uthando,  
ngeke kungisize ngalutho konke lokho.

Uthando luhlala lubekezelala.  
Lunomus' uthando; alunamhawu.  
Uthando aluzigabisi,  
aluzikhukhumezi;

aluziphathi ngendlela engafanele;  
alugodli, luziphandele kwesalo;  
alucasuki, lufutheke ngolaka;  
alubambi-magqubu uma loniwe;

aluthokozi ngokungalungile  
kepha luyakujabulela okuyiqiniso.  
Lubekezelela izinto zonke,  
lukholwa yizinto zonke,  
lwethemba izinto zonke,  
lunyamezelela izinto zonke.

Uthando alupheli nanini nanini.  
Kuyophela isiphiwo sokuphrofetha,  
kunqamuke nesokukhulumma ngezilimi,  
kukhawuke esolwazi, siphele.

+

Ulwazi lwethu luyinto engaphelele,  
nokuphrofetha kwethu akuphelele;  
uma-ke sekuvela okupheleleyo,  
Kuyokhawuka konke okungaphelele.

Ngisemncane

ngangikhulumisa okwengane,  
umqondo wami  
kwakuwumqondo wengane;  
ngangicabangisa okwengane.

Kwathi-ke sengikhulile,  
ngayeka ukwenzisa okwengane.

Manje izinto sisazibona njengasesibukweni –  
zibonakala kalufifi, ziyinkinga;  
ngale-ke kodwa  
siyozibona njengoba zinjalo.

Manje ulwazi lwami aluphelele,  
kwelizayo ngiyokwazi konke kahle  
njengalokhu nami iNkosi ingazi kahle.

Manje-ke kumiswé lokhu kokuthathu:

*ukukholwa nethemba nothando;*  
**okukhulu kukho konke luthando!**

+

*iHubo lamashumi amabili nantathu [Hub 23]*

USmakade ungumalusi wami;  
angiyukweswela.

Ungilalisa phansi ngiphumule  
edlelweni elimahlungu aluhlaza;  
angiqhubele emithonjeni yamanzi acwebile.

Uvuselela umphefumulo wami, uphile;  
angichushise emikhondweni yokulunga,

libabazeke igama lakhe.

Nòma ngingaphambukela ezingoxingoxini,  
ngihlwathuze kuhle kodabula ethunzini lokufa,  
angiyukwesaba;  
ingani phela wena, Smakade, unami,  
uphethe induku nobhoko – ngimi isibindi!

USmakade uyangihlabisa, angenzele idili, ngibuse;  
zihlabeke izitha zami.

Uyangivunulisa, angihlobise ngiconse!  
Ungiphisela imbiza, ngiphuze ngidele!

Okuhle nothando  
kuyongithungatha ukuphila kwami konke.  
Ngiyohlala emzini kaSmakade phakade naphakade!  
Ameni!



IVyo leziKhuthali  
oBanjiswaneni lokuHumusha  
nokuBhala kabusha iBhaybheli ngesiZulu  
elaziwa ngelithi yi- "[Biblia Zuluensis](#)"